UMAFRIKA, Ezamabhizinisi
Friday, 18 January 2008, p. 15

Bakala ngezinkunzi ukukhula kwebhizinisi

AMATHUBA afikayo okufukula umnotho aphelela ezindaweni ezakhele amadolobha isikhathi esiningi okudalwa wukungayazi iminyango efanele engasiza nabahlala ngaphandle. Kubika u-**GUY VEZI**

NGESIKHATHI kusungulwa inkampani ebizwa ngokuthi iNkunzi Investment Holdings ngoFebruary 2006, abanikazi babefuna ibhizinisi elizokhula njengomhlambi wezinkomo zomnumzane.

Ngokosiko lwesiZulu, ukusutha kwendoda kubonakala ngezinkomo zayo. Ukwanda kwazo kusuke kukhomba ukuthi akuselula ukubonakala kwekati eziko.

Usihlalo weNkunzi, uMnuz Johannes "JB" Magwaza uthi: "Besifuna ukutshala izimali ezinkampanini ezingeke zigcine ngokuba ngamabhizinisi amahle, kodwa ezizotshengisa amagugu ethu.

"Inhloso yethu bekungukutshala uR500-*million* isikhathi eside ezinkampanini.

"Ukukhulisa umcebo kuthatha isikhathi, nalezi zinkampani esizithengayo, yileyo naleyo itshengisa ukuthi singobani nokuthi simeleni."

Ubufakazi balesi sibonelo abaqondisi beNkunzi babutshengise ngokuqhamuka nesu elingandile lokujuba uchwepheshe wokubumba izithombe waseThekwini, uJohnnie de Beer, ukuthi abumbe inkunzi ezohlotshiswa ngemibala ehlukene njalo ngonyaka uma bethenge inkampani entsha ukutshengisa ukwanda komhlambi.

Umqondisi wenkampani ethengwayo uzonikwa inkomo.

Ngo-2006 bathenge inkampani eyenza ama-*block* nezitini, iW Brick & Block neNPC bayinika inkunzi enemibala eyizihlangu zoDhloko, ngo-2007 bathenga iCIM/Nkunzi Chemicals neKnysna Equipment Hire & Sales bayinika enemibala ye-Ilihamba (iBululu). Ngalo nyaka bakhethe umbala omaqandakahwayiba.

UMnuz Patrick September, ongomunye wabaqondisi beNkunzi uthe: "Ngokuhamba kwesikhathi lezi zinkunzi zobumba, yizona ezizotshengisa isimo samabhizinisi ethu. Kuyasijabulisa ukuthi elinye lamabhizinisi esisanda kuwathenga, iNkunzi Chemicals, isithenge elinye ibhizinisi, okusenza siziqhenye ngokubona umhlambi wethu ukhula."

NgoFebruary 2007, abaqondisi beNkunzi bathenge inkampani yaseThekwini ekhiqiza amakhemikhali, iCIM esibizwa ngeNkunzi Chemicals.

Le nkampani bayithenge zingakapheli izinyanga eziyi-18 ababehlele ukuthi bazoqala ukuthenga ezinye izinkampani emva kwazo.

INkunzi isanda kuqokwa yiNational Economic Research Agency (Nera) yayibeka ezingeni leBlack Economic Empowerment (BEE rating), kanti kuleli sonto ithenge inkampani yamakhemikhali esineminyaka eli-17 isebenza, iDaytona Chemicals.

UMnuz John Thompson, i-*managing director* yeNkunzi Chemicals, uthe kubajabulisile ukuthenga iDaytona Chemicals.

"Kusivulela amathuba amaningi emikhakheni yokudla kwabantu nokwemfuyo, nasemikhiqizweni enhlobonhlobo. Lokhu kuzokhulisa ibhizinisi ngo-30%, kuvulele namakhasimende ithuba lokuthola izimpahla ezahlukene.

INkunzi Chemicals (Pty) Ltd ehweba ngegama elithi CIM inabasebenzi abangama-70 eGoli, Cape Town naseThekwini abahlanganisa abangabadayisi, abasebenza lapho kugcinwa khona impahla ngaphambi kokudluliselwa kumakhasimende nabayithumela ezindaweni ezahlukene.

Khona maduze nje izothatha abangama-23 abasebenza eDaytona.

I-CIM ithenga phesheya amakhemikhali okuthaka izinsipho zokuwasha, ezokugeza, ezasendlini, izindwangu, upende, u-inki, ukuhlanza amanzi, iphinde iwadayisele nezimboni zamakhambi. Awekho amakhemikhali akhiqizwa ezimbonini zakuleli ngoba athengwa emaningi eGermany, Spain, China nase-India bese edayiselwa osozimboni bakuleli.

UMAFRIKA, Ezamabhizinisi
Friday, 18 January 2008, p. 15

UMNUZ Pat September, Nks Jane Wiltshire, Mnuz Johannes "JB" Magwaza noMnuz Carl Malcommess